UMLAYEZO NGOKUPHELA KONYAKA KA 1985 NOKUQALA KONYAKA OMUSHA KA 1986
WOMNTWANA WAKAPH INDANGENE -

UMANGOSUTHU G. BUTHELEZI
UMENGAMELT WE NKATHA

UNDUNANKULU KA ZuLu

NO STHLALO WOBUMBANO LWABAMNYAMA

Lesi isikhathi esikuso sokuphela kwalonyaka ka 1985 kubesikhathi esibuhlungu

nesiphetha ngaso unyaka wosizi nesihluku esesabekayo.

Sekuyiminyakana ngisho ngokusobala ukuthi ukughubeka kokushuba kwesimo kuyinto efanele yemukeleke. Ukugolozelana okukhona kumikhakha mibili. Kukhona ukugolozelana okukhona phakathi kwethu njengehdlu emnyama nendlu emhlophe. Lokhu izizathu zakho zisobala ukuthi yisimo lesi esesilwe naso iminyaka emininingi ngenxa yokugweva kwabaMhlophe nomcebo wezwe kanye nokugweva kwabo namandla okuphatha izwe abangafuniyo ukuba sibenesandla ekuwahlanganyeleni lamandla okuphatha izwe kanyÃ© nabo. Lokhu yisona sizathu somkhankaso weNkululeko esesibekuwo iminyaka cishe ifike ekhulwini silwa ngendlela yokuthula nabaMhlophe. Owesibili umkhakha engiwushoyo wokugolozelana, yilona wokugolozelana kwabaMnyama bodwa. Lomkhakha wokugo-lozelana usukela ekungabonini ngokufanayo phakathi kwabaMnyama bebodwa njengoba benezinhlangano ezahlukeneyo ngemibono yokuthi uBandlululo lolu singase siphume kanjani kulo na. Noma abaMhlophe singabaphoga kanjani ukuba babone ukuthi kabahlanganyele kanye nathi emandleni okunquma ngoba

nxa kungenzeki lokhu izwe lizogcwala amanzi.

Njengoba ngiyaye ngikhulume sengathi ngiyabheda kodwa kugcina khona

engikushoyo noma nini. Sekukaningi kuzo lezizinhla ngisho ukuthi ukubheda kwes imo somnotho kuzodala enkulu imbedumehlwana kulelizwe. Ngathi abantu bakithi abadilizwayo emsebenzini ngenxa yokubheda kwesimo bazobangondinga-sithebeni abazoqonyiswa ngabantu abehlukene ukuba babasebenzise ukuze bafeze izinjongo zabo ngabo. Ngathi intsha yakithi eningi engatholi imisebenzi izobasesithubeni esiningl sokusetshenziswa kanjalo nayo ngabantu abanjalo nayo.

Konke lokhu

Konke lokhu sikubonile kwenzeka kusukela nyakenye kwaze kwasezingeni

el iphakeme kakhulu nonyaka.

Sonke thina esiMnyama sithukuthele kakhulu ngenxa yoBandlululo. Lentukuthelo yethu esikhundleni sokuba sigadle ngayo simi ndawonye, sekuvele abanye abayeqgelayo ukuba ibeyisikhali sabo bona ziqu zabo ukuze bafeze ngayo izinjongo zabo bona nezinhlangano ezibasekileyo, kunokuyisebenzisa ukulwela iSizwe sonke esiMnyama. Lababantu yilabo esibabiza ezindabeni zoMbusazwe ngokuthi bangoSomathuba. Yilabobantu asebedale udungunyane

olubi - esesibone ludlanga kangaka phakathi koMnyama noMnyama.

Sekukaningi ngizama ukuphumputha ukuzwana phakathi kwabaMnyama bodwa. lzwe liyazi ukuthi uMnu. Oliver Tambo besithintana naye yonke leminyaka emazweni aphesheya ngaze ngawela ngo October 1979, namalungu Omgwamanda angu 16 ngemali engu R33 000 yoMbutho weNkatha ngokucelwa nguye ukuba sizoxoxa ngomzabalazo kanye naye nezithunywa ezinye ezisekudingisweni zikaKhongolose. Kuthe ngo-1980 u Tambo wasengena naye oheleni lwabanye balezithunywa ebebevele bengichapha ngenhlamba njalo-nje mina. Ugcine

kanjalo u Tambo ukubasithintane emva kokubonana naye eNgilandi, eSwidi

(Sweden), eKenya, eMalawi, nase Nigeria sibonana phambi komkami engisuka

ngihamba naye nabanye abasuke bengiphelekezela. Emva kokubonana kwethu

ngo 1979 ugalileke naye ukujikijela izinhlamba ezesabekayo zokungingcofa. Sonke isikhathi ngizame njalo mina ukukubalekela ukuba ngiphendule ngendlela yokungcofa ezinhlambeni zabo abezithunywa ze-ANC nezicilikishana zabo ezifana nawo-Mnu. lan Mkhize esesaze saphendulana nazo kuloleliphepha. Ngenkathi ngivinjelwa nguSihlalo waseNatal we-UDF uMfundisi MCEBISI XUNDU ukuba ngingalubhadi unyawo eLamontville ngonyaka odlule u 1984. Kuyaziwa ukuthi okokugala wathi uMfundisi uXundu ne UDF anginakubuya ngiphila uma ngingaya elLamontville. Ngokusho njalo wangifaka enkingeni yokuba ngingabinandlela yokuba ngingayi eLamontville ngakho khona lokho ukuba sekuthiwe ngiyofike ngife. Kuthe bangabona oMfundisi Xundu ne-UDF ukuthi angesatshiswa kalula basebecela abaBhishobhi o-Archbishop Dennis Hurley waseRoma,

no Bishop Michael Nuttal wesonto lakithi eSheshi ukuba bangincenge ukuba

ngingayi

ngingayi eLamontville ngonyaka odlule. Ngaya kulowomhlangano ngihamba

no Bishop A H Zulu uSobaba noSomlomo woMkhandlu noMbhishobhi wami uBishop Lawrence Zulu. Sakhuluma amahora ayisithupha kabaphumelela abaBhishobhi

ukuba bangiguqule ngingabengisazimisela ukuya eLamontville. lzwe liyazi ukuthi kuthe nxa oMfundisi Xundu ne JORAC yabo nabo oMnu. lan Mkhize

bebona ukuthi kangivimbeleki ukuya eLamontville base bengimangalela

eMajajini eMgungundlovu bethi amaJaji kawangivimbe ngesinqumo esivimbayo (Interdict) ukungayi eLamontville mhla ka 1 kuSeptember ngo 1984. Bethi

nxa ngingaya eLamontville kuyochitheka igazi kakhulu. AmaJaji asichitha isicelo sikaMfundisi uXundu ne JORAC ne-UDF onguSihlalo wayo esifundazweni saseNatal. Nxa behluleka lapho bathumela ku Mnu. Oliver Tambo uMengamel i wenhlangano yezithunywa ze-ANC esekudingisweni ukuba akhulume nami. Nempelaizwe ngalitshena ngocingo olubhalwayo i-TELEGRAM u-Tambo angithumela lona ese DAR ES SALAAM e Tanzania ecela ukuba ngiqaphelise njengomhol i

ukuba ngingenzi into engase iveze igazi ngokuya eLamontville.

UMnu. Tambo ngamlobela ende incwadi ngicela ukuba sibonane masinyane ukuze sixoxe lezindaba, nokho wakushaya indiva konke lokho akaze angiphendula. Kuphela into eyenzekayo kusosonke lesikhathi zinhlamba ukuba izinhla

zelLanga ziyangivumela engingazikhipha lapha elLangeni abazisakaza ngami emazweni ahlukene ase Afrika anjenge-Thophiya (Addis Ababa : Ethiopia) eTanzania (Radio Freedom : Dar Es Salaam) naseZambia (Radio Freedom : Lusaka) . Akuphel inyanga igama lami 1ingahlonywa othini ngabezithunywa ze-ANC (uKhongolose). Yonke lento nginayo ngiyithathe elLandani (BBC - London) lapho iqogwa khona yonke nguMsakazo wamaNgisi. Okwesibili abezithunywa ze-ANC banephephabhuku eliphuma zonke izinyanga elibizwa ngokuthi yi-SECHABA. Cishe nyangazonke izinhlamba engichashwa ngazo ngaBafowethu bezithunywa ze-ANC ziyesabeka. Noma ngubani ofuna ukuzibona ngingamkhombisa. Abahleli bawo onke alelizwe

ngibathumele lamaphepha analezinhlamba zabezithunywa ze-ANC.

Angikaze nakanye ngibasukele mina ngaphandle kuphela kokuphendula lezinhlamba ezibhekiswe kimi kuphela. Nginobufakazi ukuthi abanye bezithunywa ze-ANC basho ngembaba ukuthi kufanele bona ngabe kade bangibulala. Lokhu kulotshwe

phansi kungafundwa noma ngubani .

Ngiyamangala-ke...... /4

T

Ngiyamangala-ke nxa ngiphendula lezizagile ezibhekiswe kimi ukuba kuvele umoya kwabanye ngisho lapha KwaZulu naseNatal wokuthi mina ngihlasela abafowethu laba bezithunywa zikakKhongolose (ANC) kube kuyibo nezincelebana

zabo abangihlome othini.

Abantu baKwaZulu bayakugcwalisa lokhu okuthiwa bayikho ''IZ1BHANXA'. Bayangikhombisa mina esengibasebenzele iminyaka eminingi kangaka ngivikela nobuzwe babo ngokuteleka kwami ngingavumi uZimele-geqe ofana nabase Transkei, Ciskei, Bophuthatswana, naseVenda, ukuthi kanti kuginisiwe ukuthi siyizi-BHANXA. Nxa sikhohlwa masinyane kangaka yizinto ezisobala kangaka siyizo kanye lezoBhanxa. Ukusebenzela umphakathi ngakuzalelwa ngabuye ngakukhe-thelwa. Ngakhoke akukho lutho mina engisuke ngisebenzela ukukuzuza noma ukuba ngincengelwe khona. Nokho ngingeqambe ukuthi kubuhlungu ukuba abantu esengibahluphekele kangaka ngisebenza imini nobusuku badayise ngami ngokugcwal isa ukuthi ngizikhandla kanjena ngizikhandlela bona. lzingane zabantu abamnyama hayi KwaZulu naseNatal kuphela, nezivela eKoloni naseNtilasifali zifunda ezikoleni ezingaphansi kukaHulumeni waKwaZulu

ongaphansi kwami.

Nxa ngihamba emazweni aphesheya ngicela ukuba izimboni zingahambi kulelizwe ngisuke ngingezukuthola ngisho okuncane mina nezingane zami. Ngisuke ngikhulumela wuqugaba lweSizwe esiMnyama oludinga imisebenzi. Kepha kulonyaka kubonakale uMnu. BARAY| umholi wenhlangano entsha yezisebenzi iCOSATU engichapha ngezinhlamba nxa kwethulwa lenhlangano. Usho konke ukuthi ngimosa izimali zezimpesheni. Lemtshokozo engithelwa ngayo yibo bonke lababantu ingezinye zezinto unyaka ka 1985 ongiphathe kabi ngazo. Empilweni yami yonke ngilwe kakhulu ngilwela ilungelo labantu abaMnyama ukuba babenezinyonyana kusukela kusaphethe uMnu. Vorster kuze kwakuye uMnu. Botha. Imithetho yezinyunyana esebenza KkwaZulu yiyo esebenza kulo-lonke izwe lase Ningizimu neAfrika. Kasifani thina lapha KwaZulu

no Transkei, no Ciskei, no Bophuthatswana imithetho yezinyonyana zakhona eyehlukileyo kulena esebenza lapha e Ningizimu ne Afrika. UMnu. Barayi useBophuthatswana ngendabuko ungowase Ciskei. Angazi ukuthi ukuphuma

nami ighubu ngoba ethunywe yi-SACTU exhume ku ANC esekudingisweni ukuthi yinto leyo ayenza ngani uMnumzane Barayi. Ngidlule kulokhu ukukhombisa

/
ukushuba...... /5

ukushuba komkhakha wesibili engikhuluma ngawo wokugolozelana kwethu sodwa

njengaBAntu abamnyama okungawusizi nangolunci umzabalazo wethu wenkululeko.

Lonyaka ubebuhlungu ngoba amanyala esiwabone emingcwabeni eyenganyelwe ngabe-UDF lapho bekushiswa abantu bezwa ngamathayi, size sayibona yenziwa nakwabanye abangamalungu ethu lapha eThekwini, eLamontville ngomkhosi weNkosi uShaka naseMlazi. Kudabukisile ukuhlaselana kwe-UDF neNkatha lapho kuphume khona izidumbu zabantu. Kudabukisile ukuhlaselana kwe-UDF ne AZAPO enamanje ezidumbu zakho sekuyilokhu ziphume lokho namanje. Kubebuhlungu ukubulawa kuka Mnu. Francis Dlamini nokubhonjwa kweHotela laseMlazi ngoba lingelika Mnu Peter Davidson oseMgwamandeni, nokudutshulwa kukaMnu. Mfeka no Mnu. R.R. Mbongwe. lzwi elizwakalayo ukuthi kumele kususwe mina kugala neNkatha kungakafikwa kulabo abasicindezeleyo 1ibuhlungu, ngoba lisho ukuthi noma siyathanda noma kasithandi labo abashonjalo bayasiphoga ukuba sithathe nathi ezethu ukuze sizivikele. Kayikho into ebuhlungu kimi njengoba kugcwaliseke esengakusho iminyaka eminingi ukuthi abantu abaMnyama kabayeke ukulwa bodwa ngoba bazoze bashayane ngezifuba

empini bodwa. Unyaka ka 1985 ukugcwalisile lokhu ukuthi sekufikile impela.

Umhlangano wamaSonto omhlaba i-W.C.C. (World Council of Churches) obuse-

Harare, uncome udlame, waghubeka ukuthi akudutshwe lelizwe nokuba izingane

zingafundi unyaka wonke ozayo.

Lonyaka uphela nokho sibhekene nezinselelo zakho konke lokhu esengikubalile. Nxa singagapheli sizogedana nya ngo 1986 nxa kuqina ukuba kungaboniswana ngezinto kodwa kuphogwane ngodlame njengoba sibonile kwenziwa ilabo abathi akudutshwe izitolo besebenzisa isihluku esesabekayo kwabanye abantu bakubo. Miningi imphefumulo ephumileyo ngokuphuziswa imithi le yokuwasha ngoba

beye ezitolo bayothenga, ngenkathi abanye bethi kakudutshwe. Yimpi le esiphakathi kwayo okuzothi nxa singehlisi imimoya sibonisane kangcono ngo 1986, njengabaholi nanjengezinhlangano kubesobala ukuthi izwe lizogcwala

amanzi ngempela, ngenxa yempi yoMnyama noMnyama.

Nabamhlophe

NabaMhlophe bashaywe ngumoya ngoba sisabhekene sodwa. Lokhu ngeke basibone abaMhlophe isidingo esisibonayo thina sokuba bahlanganyele nathi emandleni okuphatha izwe, nxa sisalibele kubulalana sodwa njengendlu

eMnyama.

Mina ngizimisele ukuxoxisana nanoma ngubani angikhethile akukho neyodwa inhlangano engike ngithi mina - lenake ngingeze ngaxoxisana mina nayo,

njengoba kwenza ezinye izinhlangano.

Isimo esibucayi (State of Emergency) esize sashicilelwa nguHulumeni ezifundeni ezithile kulelizwe sibi kakhulu. Akukho ukuxoxisana okwephusile okungabakhona nxa kusekhona isimo esibucayi, kusavalelwe nabanye abaholi ematilongweni. Nokho lamanzi amabi asizela ngomsele adalwe yikho belu

ukuba sisukelane sodwa.

Usizi oluzokhuphuka ngokugina ngenxa yobubi besimo somnotho nokuvalwa kwezimboni kuyokwenza sivukelane sodwa thina'ndlu emnyama. Ngempela

usizi olusikhungethe sonke belumele lusihlanganise kakhulu kunangaphambili sibambane ngezandla njengabantu abacindezelweyo sibonisane ukuthi singaphuma

kanjani lapha embizeni yosizi olusikhungethe.

Ngicela unyaka ka 1986 ukuba ubengunyaka wokuthandaza ukuba uNkulunkulu

asivule amehlo thinandlu eMnyama ukuba sithandane ngoba nxa kungenjalo

sizogedana sodwa ngonyaka ka 1986. Sengathi iSizwe sakithi singaphiwa

nguSomandla lobobuhlakani kanye nalawomandla.